



# **IMANUWALI YE-PAIA**

**Ilungiselelwe ngokuvumelana nesigaba  
51 soMthetho Wokukhuthaza  
Ukutholakala Kolwazi (njengoba  
uchitshiyelwe)**

**USUKU LOKUHLANGANISA: 06/12/2021**  
**USUKU LWEZILUNGISO: 06/06/2021**

## **UHLU LOKUPHAKATHI**

- |  |             |
|--|-------------|
| <b>1. UHLU LWEZIFINYEZO NEZIFUSHANISO</b>  | <b>3</b>    |
| <b>2. INJONGO YEMANUWALI YE-PAIA</b>   | <b>3-4</b>  |
| <b>3. IMINININGWANE YOKUXHUMANA EYINHLOKO YOKUFINYELELA IMINININGWANE YE-JOBURG BALLETT</b>                          | <b>4-5</b>  |
| <b>4. UMHLAHLANDLELA WOKUSEBENZISA I-PAIA KANYE NENDLELA YOKUFINYELELA UMHLAHLANDLELA</b>                            | <b>5-7</b>  |
| <b>5. INCAZELO YAMAREKHODI E-JOBURG BALLETT ATHOLAKALAYO NGOKUVUMELANA NANOMA YIMUPHI OMUNYE UMTHETHO KAHULUMENI</b> | <b>7</b>    |
| <b>6. IMINININGWANE EMAYELANA NENDLELA YOKUFAKA ISICELO SOKUFINYELELA</b>  | <b>7-9</b>  |
| <b>7. ISITHASISELO A – IDOKHUMENTI - ISICELO SOKUFINYELELA AMAREKHODI E-JOBURG BALLETT</b>                           | <b>9-14</b> |
| <b>8. UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI</b>   | <b>15</b>   |
| <b>9. UKUTHUTHUKISA IMANUWALI</b>  | <b>15</b>   |

## **1. UHLU LWEZIFINYEZO NEZIFUSHANISO**

- |      |                         |   |
|------|-------------------------|---|
| 1.1  | <b>“CEO”</b>            | UMphathi Omkhulu  |
| 1.2  | <b>“IO”</b>             | ISikhulu Semininingwane;  |
| 1.3  | <b>“DIO“</b>            | ISekela Lesikhulu Semininingwane;   |
| 1.4  | <b>“UNgqongqoshe”</b>   | UNgqongqoshe Wezobulungiswa Nezokuhlunyeleliswa Kwezimilo;                          |
| 1.5  | <b>“PAIA”</b>           | UMthetho Wokukhuthaza Ukutholakala Kolwazi No. 2 ka-2000 ( njengoba uchitshiyelwe); |
| 1.6  | <b>“POPIA”</b>          | UMthetho Wokuvikela Ulwazi Lomuntu No.4 ka-2013;                                    |
| 1.7  | <b>“UMamukeli”</b>      | I-C.E.O, Isikhulu Semininingwane, Isekela Lesikhulu Semininingwane                  |
| 1.8  | <b>“Umlawuli”</b>       | Umlawuli Wemininingwane;  |
| 1.9  | <b>“IRiphabhulikhi”</b> | IRiphabhulikhi YaseNingizimu Afrika   |
| 1.10 | <b>“Ocelayo”</b>        | Noma ubani ocela imininingwane yokufinyelela imininingwane egcinwe yi-Joburg Ballet |

## **2. INJONGO YEMANUWALI YE-PAIA**

Le Manuwali Ye-PAIA isiza umphakathi -

- 2.1 uhlole izigaba zamarekhodi agcinwe yinhlangano atholakala ngaphandle kokuthi umuntu athumele isicelo esisemthethweni se-PAIA;
- 2.2 ube nokuqonda okwanele kwendlela yokufaka isicelo sokufinyelela irekhodi lenhlangano, ngokunikeza incazelo yezihloko zamarekhodi agcinwe yinhlangano kanye nezigaba zamarekhodi agciniwe esihlokweni ngasinye;

- 2.3 wazi incazelo yamarekhodi enhlangano atholakalayo ngokuvumelana nanoma yimuphi omunye umthetho kahulumeni;
- 2.4 uthole yonke imininingwane efanele yokuxhumana ne-IO ne-DIO okungabantu abazosiza umphakathi ngamarekhodi ofuna ukuwafinyelela;
- 2.5 wazi incazelo yomhlahlandlela wendlela yokusebenzisa i-PAIA, njengoba uthuthukiswe uMlawuli kanye nendlela yokuwufinyelela;
- 2.6 wazi ukuthi inhlangotho izoyicubungula yini imininingwane yomuntu, wazi injongo yokucubungulwa kwemininingwane yomuntu kanye nencazelo yezigaba zemininingwane, kuhlanganise nemininingwane noma izigaba zemininingwane ehlobene nalokho;
- 2.7 wazi incazelo yezigaba zezihloko zemininingwane noma izigaba zemininingwane ezihlobana nalokho;
- 2.8 wazi abamukelayo noma izigaba zabamukelayo okungase kuthunyelwe kubo imininingwane yomuntu;
- 2.9 wazi ukuthi inhlangotho ihlelile yini ukuthumela noma ukucubungula imininingwane yomuntu ngaphandle kweRiphabhulikhi YaseNingizimu Afrika kanye nabamukelayo noma izigaba zabamukelayo okungase kuthunyelwe kubo imininingwane yomuntu; nokuthi
- 2.10 wazi ukuthi inhlangotho inazo yini izinyathelo zokuphepha ezifanele ezibekile ukuze iqinisekise ubumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kwemininingwane yomuntu ecubungulwayo.

### **3. IMINININGWANE YOKUXHUMANI EYINHLOKO YOKUFINYELELA IMINININGWANE YE-JOBURG BALLETT**

#### **3.1. Isikhulu Semininingwane**

Igama: Chase Bosch  
Ucingo: (011) 877 - 6897  
I-imeyili: [chase@joburgballet.com](mailto:chase@joburgballet.com)  
Inombolo yefeksi: (011) 877 – 6864

#### **3.2. Isekela Lesikhulu Semininingwane**

Igama: Nozipho Mhlambi

Ucingo: (011) 877 - 6894  
I-imeyili: [noziphob@joburgballet.com](mailto:noziphob@joburgballet.com)  
Inombolo Yefeksi: (011) 877 - 6864

### **3.3 Imininingwane evamile yokuxhumana ukuze ufinyelele imininingwane**

I-imeyili: [admin@joburgballet.com](mailto:admin@joburgballet.com)

### **3.4 Amahhovisi E-Joburg Ballet Nestudiyo**

Ikheli Leposi: P. O Box 21991  
Melville  
2194

Ikheli Lendawo: Joburg Theatre Complex  
1 Hoofd Street  
Braamfontein  
2001

Ucingo: (011) 877 – 6897  
noma  
(011) 877 - 6894

I-imeyili: [admin@joburgballet.com](mailto:admin@joburgballet.com)

Iwebusayithi: [www.joburgballet.com](http://www.joburgballet.com)

## **4. UMHLAHLANDLELA WOKUSEBENZISA I-PAIA KANYE NENDLELA YOKUFINYELELA UMHLAHLANDLELA**

4.1. Umlawuli, ngokuvumelana nesigaba 10 (1) se-PAIA, njengoba kuchitshiyelwe, uye wathuthukisa futhi wenza uMhlahlandlela obukeziwe, ochaza indlela yokusebenzisa i-PAIA (“uMhlahlandlela”), watholakala ngendlela nangohlelo okulula ukuluqonda, ngendlela engase icelwe umuntu ofisa ukusebenzisa noma yiliphi ilungelo elichazwe ku-PAIA naku-POPIA.

4.2. Lo Mhlahlandlela utholakala ngesiNgisi nangesiZulu.

4.3. Lo Mhlahlandlela uqukethe incazelo -

4.3.1. yezihloko ze-PAIA;

- 4.3.2. ikheli leposi nelendawo, inombolo yocingo neyefeksi kanye nekheli le-imeyili -
  - 4.3.2.1. le-I.O;
  - 4.3.2.2. le-DIO  
  
ngokuvumelana nemigomo yesigaba 17(1) se-PAIA kanye nesigaba 56 se-POPIA
- 4.3.3. indlela nohlobo lwesicelo ngenjongo -
  - 4.3.3.1. yokufinyelela irekhodi lenhlangano yomphakathi okuchazwe esigabeni 11;
  - 4.3.3.2. yokufinyelela irekhodi lenhlangano ezimele okuchazwe esigabeni 50;
- 4.3.4. yothola usizo ku-IO yenhlangano yomphakathi ngokuvumelana nemigomo ye-PAIA neye-POPIA;
- 4.3.5. yothola usizo kuMlawuli ngokuvumelana nemigomo ye-PAIA neye-POPIA;
- 4.3.6. yakho konke okuphoqwa umthetho okutholakayo ngokuphathelene nokwenza noma ukuhluleka ukwenza ngokuphathelene nelungelo noma umsebenzi obekwe yi-PAIA ne-POPIA, kuhlanganise-
  - 4.3.6.1. ukufaka isicelo sangaphakathi sokudlulisa icala;
  - 4.3.6.2. ukufaka isikhalo kuMlawuli; kanye
  - 4.3.6.3. nokufaka isicelo enkantolo sokuphikisa isinqumo soMamukeli wenhlangano yomphakathi, isinqumo sokudlulisa icala ngaphakathi noma isinqumo esenziwe uMlawuli noma isinqumo senhloko yenhlangano yomphakathi;
- 4.3.7. okuhlinzekwa yizigaba 14 no-51 ezidinga ukuba inhlangano yomphakathi kanye nenhlangano ezimele, zihlanganise imanuwali, kanye nendlela yokufinyelela imanuwali;

4.3.8. okuhlinzekwa yizigaba 15 no-52 okuvumela ukudalula ngokuzithandela kwezigaba zamarekhodi okwenziwa yinhlangano yomphakathi nenhlangano ezimele;

4.3.9. izaziso ezikhishwa ngokuvumelana nesigaba 22 no-54 ngokuphathelene nezindleko okumelwe zikhokhwe mayelana nezicelo zokufinyelela; kanye

4.3.10. imithethonqubo ebekwe ngokuvumelana nesigaba 92

4.4. Amalungu omphakathi angahlola noma enze amakhophi oMhlahlandlela emahhovisi e-Joburg Ballet phakathi namahora avamile okusebenza.

4.5. UMhlahlandlela ungacelwa-

4.5.1 eSikhulwini Semininingwane;

4.5.2 kuwebusayithi ye-CSSA;

4.5.3 uMlawuli Wemininingwane lapho efaka isicelo

## **5. INCAZELO YAMAREKHODI E-JOBURG BALLET ATHOLAKALAYO NGOKUVUMELANA NANOMA YIMUPHI OMUNYE UMTHETHO KAHULUMEN**

- UMthetho Wezimo Zokuqashwa Eziyisisekelo 75 ka-1997
- UMthetho Wezinkampani 71 ka-2008
- UMthetho Wesinxephezelo Sokulimala Emsebenzini Nezifo 130 ka-1993
- UMthetho Welungelo Lobunikazi 98 ka-1978
- Umthetho Wezokuxhumana Nokuthengiselana 25 ka-2002
- UMthetho Wokulingana Emsebenzini 55 ka-1998
- Umthetho Wezeluleko Ngezimali Nemisebenzi YokuXhumanisa 37 ka-2002
- Umthetho Wesikhungo Sobuhlakani Kwezezimali 38 ka-2001
- UMthetho WeNtela Yemali Engenayo 58 ka-1962
- UMthetho Wezobudlelwano Emsebenzini 66 ka-1995
- UMthetho Womshuwalense Wesikhathi Eside 52 ka-1998
- IMemorandamu Yokufakwa (M.O.I)
- UMthetho Kazwelonke Wezikweletu 34 ka-2005
- UMthetho Wezempilo Nokuphepha Emsebenzini 85 ka-1993
- UMthetho Wokukhuthaza Ukutholakala Kolwazi 2 ka-2000
- UMthetho Olawula Ukumiswa Kwezokuxhumana 70 ka-2002
- UMthetho Womshuwalense Wesikhashana 53 ka-1998
- UMthetho Wokuthuthukiswa Kwamakhono 97 ka-1998
- UMthetho Wezimali Zokuthuthukiswa Kwamakhono 9 ka-1999
- UMthetho Wentela Eyengezwa Enanini Lentengo 89 ka-1991
- UMthetho Wokulamula 42 ka-1965
- UMthetho Wokuvikela Ulwazi Lomuntu 4 ka-2013
- UMthetho Womshuwalense Wokungasebenzi 63 ka-2001
- UMthetho WokuNcintisana 89 ka-1998
- Umthetho Wokudalula Okuvikelekile 26 ka-2000
- UMthetho Weminikelo Yokuphelelwa Wumsebenzi 4 ka-2002
- . Iwebusayithi Ye-Joburg Ballet Nenqubomgomo Yamakhukhi

### **Izihloko nezigaba zamarekhodi agcinwe esakhiweni se-Joburg Ballet**

- Amafayela okubhalelana

- Amadokhumenti Okusungula
- Amalayisensi (izigaba)
- Amaphuzu Emihlangano
- Okubuyiselwa Ngonyaka Kwebhizinisi
- Amarekhodi Ezisebenzi
- Izinkontileka Zokuqashwa
- Amarekhodi Okulingana Emsebenzini
- Amarekhodi Obuhlobo Nezimboni Nezisebenzi
- Imininingwane ehlobene neMithethonqubo Yokuphepha Nokuvikeleka
- Amarekhodi Emithetho
- Amarekhodi Okuqeqesha / Amamanuwali Okuqeqesha
- Imihlahlandlela Yezisebenzi, Izinqubomgomo Nezinqubo
- Izinqubomgomo Zokuqasha Izisebenzi
- Izincwajana Ezinemininingwane Yenkampani
- Ibhuku Lamaklayenti Namakhasimende
- Izinkontileka
- Imininingwane ehlobene Nendlela Izisebenzi Ezidayisa Ngayo
- Ukukhangisa Kanye Namasu Esikhathi Esizayo
- Amarekhodi Okukhangisa
- Amarekhodi Okukhiqiza
- Amarekhodi Okudayisa
- Izitatimende Zezimali Zaminyaka Yonke
- Uhlu Lwempahla
- Uhlu Lokubalwa Kwempahla
- Amarekhodi Asebhangwe
- Izabelomali
- Ukuthumelelana Izimali
- Imininingwane Yomshwalense
- Amarekhodi Okucwaningwa Kwamabhuku Kwangaphakathi
- Imininingwane Yokuthenga Noku-Oda
- Amarekhodi Entela (enkampani nesisebenzi)
- Izinqubomgomo Ze-I.T Nezinqubo
- Amamanuwali Omsebenzisi
- Amarekhodi E-PAYE
- Amarekhodi Okuqondiswa Kwezigwegwe
- Amarekhodi Okuthatha Ikhefu
- Amarekhodi E-SETA/SAQA
- Amarekhodi Esinxephezelo Sezisebenzi Kanye Nezitifiketi

## **6. IMINININGWANE EMAYELANA NENDLELA YOKUFAKA ISICELO SOKUFINYELELA**

• Ocelayo kumelwe agcwalise iSithasiselo A futhi athumele leli fomu kanye nezindleko zokufaka isicelo (uma zikhona - sicela ubheke ....), ku-C.E.O, iSikhulu Semininingwane noma kwiSekela LeSikhulu Semininingwane (kusukela lapha ababizwa ngokuthi uMamukeli) ekhelini laso lomsebenzi noma ku-imeyili.

• Ifomu kumelwe:

- linikeze imininingwane eyanele ukuze uMamukeli akwazi ukuthola amarekhodi acelwayo futhi azi Ocelayo;
- lichaze ukuthi hlobo luni lokufinyelela okucelwayo;
- liveze ilungelo elifuna ukusetshenziswa noma ukuvikelwa Ocelayo;
- linikeze incazelo yokuthi kungani irekhodi elicelwayo lidingeka ekusebenziseni noma ekuvikeleni lelo lungelo.

• Uma isicelo senzela omunye umuntu, ukuthumela ubufakazi bokuthi Ocelayo ufaka isicelo egameni likabani, ngendlela eyanelisa uMamukeli.

• UMamukeli kumelwe atshele ocelayo ngezindleko ezibekiwe (uma zikhona) ngaphambi kokuqhubeka nesicelo.



- Uma isicelo sivunywa bese kudingeka kukhokhwe izindleko zokukhiqizwa kabusha, ukucwaninga, ukulungiselela kanye nanoma yisiphi isikhathi eseqele ngale kwamahora abekiwe okwenza ucwaningo nokulungiselela irekhodi ukuze lidalulwe.
- Uma ocelayo engeke akwazi ukugcwalisa ifomu elidingekayo kungenziwa isicelo esishiwo ngomlomo.

### **6.1 Izizathu zokwenqatshelwa ukufinyelela amarekhodi**

Izizathu eziyinhloko ezenza i-Joburg Ballet yenqabe isicelo sokuthola imininingwane sihlobana nalokhu:

### **6.2 Ukuvikelwa kobumfihlo bomuntu oseceleni ngenxa yomthetho obekiwe:**

UMamukeli kumelwe enqabe isicelo sokufinyelela irekhodi uma ukudalulwa kwalo kuzohilela ukudalulwa okungafanele kwemininingwane yomuntu oseceleni, kuhlanguanise umuntu osewashona.

### **6.3 Ukuvikelwa kwemininingwane yomuntu noma inhlango eseceleni ngenxa yomthetho obekiwe:**

UMamukeli kumelwe enqabe isicelo sokufinyelela irekhodi uma lelo rekhodi liqukethe:

- Izimfihlo zokuhweba zomuntu noma zenhlango eseceleni;
- Imininingwane yezimali, yezebhizinisi, yezempilo, yezobuchwepheshe yomuntu noma yenhlango eseceleni, ngaphandle kwezimfihlo zohwebo, lapho khona ukudalulwa kwayo kungase kubangele umonakalo kwezbhizinisi noma kwezezimali zomuntu noma zenhlango eseceleni;
- Imininingwane ethunyelwe kumuntu noma inhlango eseceleni ngesithembiso sokungadalulwa, futhi uma idalulwa ingabeka umuntu noma inhlango eseceleni esimweni esingesihle enkontilekeni / kwezinye izingxoxo noma kubandlulule umuntu noma inhlango eseceleni ekuncintisaneni kwezbhizinisi.

### **6.4 Ukuvikelwa kwemininingwane ethile eyimfihlo yomuntu noma inhlango eseceleni ngenxa yomthetho obekiwe:**

UMamukeli kumelwe enqabe isicelo sokufinyelela imininingwane uma ukudalulwa kwalelo rekhodi kuzosho ukwepulwa kwesibopho noma ubumfihlo obukweletwa umuntu noma inhlango eseceleni ngokuvumelana nesivumelwano.

### **6.5 Ukuvikelwa kokuphepha kwabantu, kanye nokuphepha kwempahla njengoba kusho umthetho**

UMamukeli kumelwe enqabe isicelo sokufinyelela irekhodi uma ukudalulwa kwalo kungase kulindeleke ukuba kubeke ukuphila engozini noma ukuphepha komuntu.

UMamukeli kumelwe enqabe uma ukudalulwa kungase kubangele ukubandlululwa noma kunciphise, ukuvikeleka kwebhulidi, ingqalasizinda noma uhlelo, kuhlanguanise uhlelo lwekhompyutha noma uhlelo lokuxhumana.

### **6.6 Ukuvikelwa kwamarekhodi ayimfihlo angenakudalulwa enkantolo njengoba kusho umthetho**

UMamukeli kumelwe enqabe isicelo sokufinyelela irekhodi, uma irekhodi liyimfihlo engenakudalulwa enkantolo ngaphandle uma umuntu onelungelo lokubona lelo rekhodi ebususile lobo bumfihlo.

### **6.7 Izizazululo ezikhona lapho i-Joburg Ballet yenqaba isicelo sokufinyelela imininingwane**

Zingakapheli izinsuku ezingu-30 ethole isicelo, uMamukeli uzonquma ukuthi asamukele noma asenqabe isicelo futhi anikeze isaziso esinezizathu. Inkathi eyizinsuku ezingu-30 yokuba i-Joburg Ballet ithathe isinqumo sokwamukela noma sokwenqaba isicelo, ingase yandiswe ngezinsuku ezingadluli kwezingu-30 uma isicelo kungesemininingwane eminingi noma uma isicelo sidinga ukuba ukufunwa kwemininingwane kwenziwe kwenye indawo futhi uma imininingwane ingenakutholwa phakathi nenkathi ebekiwe yezinsuku ezingu-30.

UMamukeli uzotshela Ocelayo ngokumbhaleli uma inkathi yandiswa.

### **6.8 Isikhalo**

Lapho Ocelayo enganelisekile ngesinqumo, ngokwesibonelo sokwenqaba ukufinyelela, sokubekwa kwezindleko zokufinyelela, noma sokwandiswa kwenkathi yokuthola impendulo, angase afake isicelo (iSithasiselo B) ku-C.E.O mayelana nesinqumo esenziwe zingakapheli izinsuku ezingu-60 zokuthola isinqumo esibangele isikhalo.

### **6.9 Izindleko**

Ingxenye III yoMthethonqubo 187 eshicilelwe kuGazethi kaHulumeni yangomhla ka-15 kuNhlolanja 2002. UMamukeli uzotshela Ocelayo ngokumbhaleli ukuba akhokhele izindleko ezibekiwe, ngaphambi

kokuqhubeka nesicelo. Uma isicelo simayelana neminingwane yomuntu, ngeke zibe khona izindleko zesicelo.

**Izindleko zekhophi yemanuwali njengoba kuveziwe kuMthethonqubo 9(2) (c) zingu-R1, 10 ikhophi ngalinye lekhasi elingu-A4 ubukhulu nanoma iyiphi ingxenye. Izindleko zokukhiqiza kabusha njengoba zivezwe kuMthethonqubo 11(1) zimi kanje:**

**Izindleko zesicelo ezikhokhwa Ocelayo, ngaphandle uma kuyisicelo somuntu, zisuselwa kuMthethonqubo 11(2) zingu-R50, 00**

**Ukufuna nokulungiselela irekhodi ukuze lidalulwe, R30,00 ihora ngalinye noma ingxenye yehora kuye ngesidingo sokufuna nokulungiselela okunjalo).**

**Ngezinjongo zeSigaba 54(2) soMthetho, lokhu okulandelayo kuyasebenza:**

- Amahora ayisithupha okungamahora okumelwe adlule ngaphambi kokuba kukhokhwe idiphosithi; kanye
- Nengxenye yesithathu yezindleko zokufinyelela ezikhokhwa njengediphosithi Ocelayo.
- Iposi liyakhokhwa lapho ikhophi lerekhodi kumelwe lithunyelwe ngeposi Kocelayo.

**Izindleko zingashintsha**

**Incazelo evamile Yezinyathelo Zokuphepha Kwemininingwane ezizothathwa abanomthwalo wokwenza lokho ukuze kuqinisekise ubumfihlo, ubuqotho kanye nokutholakala kwemininingwane**

Sisebenzisa izinyathelo ezifanele zobuchwepheshe nezenhlango ukuze sigcine imininingwane yomuntu ivikelekile futhi siqinisekise ubuqotho bayo, ubumfihlo kanye nokutholakala kuwo wonke amasistimu ngaso sonke isikhathi.

Siphinde sizibophezele ekuqinisekiseni ukuthi abadayisi, abahlinzeki bezinkonzo, kanye nabasabalalisi abangase bacubungule imininingwane yomuntu besebenzela thina bagcina imininingwane enjalo iyimfihlo, inobuqotho futhi ihlale itholakala.

## **7. ISITHASISELO A – IDOKHUMENTI - ISICELO SOKUFINYELELA AMAREKHODI E-JOBURG BALLET**

Idokhumenti elandelayo kudingeka ithunyelwe umuntu ocela ukusebenzisa nokufinyelela imininingwane

### **IFOMU A**

#### **ISICELO SOKUFINYELELA IREKHODI LE-JOBURG BALLET**

**(ISigaba 18(1) soMthetho Wokukhuthaza Ukutholakala Kolwazi PAIA, 2000 (PAIA No. 2 ka-2000))**

**[UMthethonqubo 6]**

Iya ku \_\_\_\_\_

**(UMamukeli)**

### **1. IMINININGWANE YEREKHODI ELICELWAYO, KUHLANGANISE INCAZELO YEREKHODI NOMA INGXENYE EFANELE YEREKHODI**

---

---

## 2. IMINININGWANE YOMUNTU OCELA UKUFINYELELA IREKHODI

3.1 Onke amagama nesibongo: \_\_\_\_\_

3.2 inombolo kamazisi: \_\_\_\_\_

3.3 Ikheli lendlu: \_\_\_\_\_

3.4 Inombolo yocingo: \_\_\_\_\_

3.5 I-imeyili: \_\_\_\_\_

## 3. UHLOBO LOKUFINYELELA IREKHODI

(Uma uhluleka ukufunda ngenxa yokukhubazeka, bheka noma ulalele irekhodi ngohlobo lokufinyelela okuhlinzekwa ngalo ku-1 kuya ku-3 ngezansi, yisho ukukhubazeka kwakho futhi uchaze ukuthi hlobo luni lwerekhodi oludingekayo).

3.1 Ukukhubazeka \_\_\_\_\_

3.2 Uhlobo irekhodi edingeka ngalo \_\_\_\_\_

*Phawula ibhokisi elifanele ngo-X.*

**AMANOTHI:**

4. Uma irekhodi libhaliwe noma liphrintiwe:

Ikhophi lerekhodi	
Ukuhlola irekhodi	

5. Uma irekhodi liqukethe izithombe:

Bheka izithombe	
Kopisha izithombe	
Umbhalo wezithombe	

6. Uma irekhodi liqukethe amazwi aqoshiwe noma imininingwane engakhiqizwa kabusha isingumsindo:

Lalela okuqoshiwe	
Umbhalo wokuqoshiwe	

7. Uma irekhodi ligcinwe kukhompuyutha noma emshinini wobuchwepheshe ngendlela efundekayo:

Ikhophi eliphrintiwe lerekhodi	
Ikhophi ephrintiwe yemininingwane ethathwe kokuqoshiwe	
Ikhophi ngohlobo lokufundeka kukhompuyutha (usb, DVD, CD, njll.)	

8. Ungathanda ukutshelwa kanjani ngesinqumo esimayelana nesicelo sakho sokufinyelela irekhodi? \_\_\_\_\_

Isayinwe e \_\_\_\_\_ ngalolu suku \_\_\_\_\_ luka \_\_\_\_\_ 20 \_\_\_\_\_

**ISIGNESHA YOCELAYO**

\_\_\_\_\_

**KUZOSETSHENZISWA YI-JOBURG BALLET**

Isicelo samukelwe u \_\_\_\_\_

ngomhla ka \_\_\_\_\_ 20 \_\_\_\_\_ e \_\_\_\_\_.

\_\_\_\_\_  
**ISIGNESHA YOWAMUKELAYO**

**ISITAMBU SENKAMPANI**

## ISITHASISELO B – IDOKHUMENTI – ISAZISO SESIKHALO SANGAPHAKATHI

Idokhumenti elandelayo kudingeka ithunyelwe umuntu onesikhalo ngesinqumo esenziwe yiSikhulu Semininingwane mayelana nokusebenzisa noma ukufinyelela imininingwane.

### ISAZISO SESIKHALO SANGAPHAKATHI

(ISigaba 75 soMthetho Wokukhuthaza Ukutholakala Kolwazi PAIA, 2000 (PAIA No.2 ka-2000)

[UMthethonqubo 8]

Iya kuNksz Esther Nasser

#### 1. IMINININGWANE YOMUNTU OCELA UKUFINYELELA ISIKHALO

1.1 Onke amagama nesibongo: \_\_\_\_\_

1.2 inombolo kamazisi: \_\_\_\_\_

1.3 Ikheli lendlu: \_\_\_\_\_

1.4 Inombolo  
Yokuxhumana: \_\_\_\_\_

1.5 I-  
imeyili: \_\_\_\_\_

#### 2. UKWENQANTSHWA KWESICELO SOKUFINYELELA

Isinqumo esimayelana nezindleko ezibekiwe ngokuvumelana nesigaba 22 se-PAIA	
Isinqumo esimayelana nokwandiswa kwenkathi yokusingathwa kwesicelo ngokuvumelana nesigaba 26(1) se-PAIA	
Isinqumo ngokuvumelana nesigaba 29(3) se-PAIA sokwenqaba ukufinyelela ngohlobo olucelwe ocelayo	
Isinqumo sokwamukela isicelo sokufinyelela	

***Uma isikhala esinikeziwe singanele, sicela uqhubeke ekhasini elihlukile bese ulinameka kuleli fomu. Kumelwe uwasayine wonke amakhasi engeziwe***

Yisho izizathu zesikhalo sangaphakathi:

---

---

---

---

Yisho noma yimiphi eminye imininingwane engase isebenze lapho ucabangela ukufaka isikhalo:

---

---

---

---

**3. Isaziso sesinqumo sesikhalo**

Ungathanda ukutshelwa kanjani ngesinqumo esimayelana nesicelo sakho? \_\_\_\_\_

Isayinwe e \_\_\_\_\_ ngalolu suku \_\_\_\_\_ luka \_\_\_\_\_ 20 \_\_\_\_\_

**ISIGNESHA YOCELAYO**

---

**4. Igama eliphelele lesikhulu semininingwane/isekela lesikhulu semininingwane):**

---

**5. Isikhalo esihambisana nezizathu sesinqumo sikaMamukeli kanye, lapho kusebenza khona, imininingwane yanoma ubani oseceleni imininingwane ehlobana naye, esithunyelwe yisikhulu semininingwane/isekela lesikhulu semininingwane**

ngomhla ka \_\_\_\_\_ (usuku) esiphathimandleni esifanele.

**6. UMPHUMELA WESIKHALO**

**ISINQUMO SESIKHULU SEMININGWANE/ISEKELA LESIKHULU SEMININGWANE  
SIQINISEKISIWE/KUTHATHWE ISINQUMO ESISHA**

**ISINQUMO ESISHA:**

---

USUKU: \_\_\_\_\_

IGAMA NESIBONGO SESIPHATHIMANDLA ESIFANELE:

\_\_\_\_\_

YAMUKELWE YISIKHULU SEMININGWANE/ISEKELA LESIKHULU SEMININGWANE IVELA  
ESIPHATHIMANDLENI ESIFANELE ngomhla ka \_\_\_\_\_ (usuku)


**KUZOSETSHENZISWA YI-JOBURG BALLET**

Isicelo samukelwe u \_\_\_\_\_

ngomhla ka \_\_\_\_\_ 20\_\_ e \_\_\_\_\_.

\_\_\_\_\_  
ISIGNESHA YOWAMUKELAYO

ISITAMBU SENKAMPANI



## 8. UKUTHOLAKALA KWEMANUWALI

7.1 Ikhophi yeManuwali iyatholakala

7.1.1 ku [www.joburgballet.com](http://www.joburgballet.com);

7.1.2 Amahhovisi e-Joburg Ballet angahlolwa umphakathi phakathi namahora avamile okusebenza (kukhunjulwa ukuthi siphakathi kobhubhane lomhlaba wonke ngenxa yalokho sinxusa ukuthi kusetshenziswe inketho 9.1.1 njengendlela yokuqala yokuthola imanuwali);

7.1.3 kuMlawuli Wemininingwane lapho efaka isicelo

7.2 Izindleko zekhophi yeManuwali, njengoba kuveziwe kusithasiselo B seMithethonqubo, ziyokhokhelwa ikhophi ngalinye elingu-A4 elenziwayo.

## **9. UKUTHUTHUKISWA KWEMANUWALI**

ISikhulu Semininingwane siyothuthukisa le manuwali njalo, cishe kanye ngemva kwezinyanga ezingu-6. Noma okungenani, kanye ngonyaka.

***Ikhishwe ngu:***

---

***Chase Bosch (ISikhulu Semininingwane), emelele i-C.E.O uNksz Esther Nasser***